# Inkulumo kaNgqongqoshe Jomo Sibiya njengo Champion kaOperation Sukuma Sakhe kwiZululand District Municipality
## YeZulu Area – Ward 16
## 4 June 2021

**Mphathi wohlelo;**
**Isekela likameya kaMasipala iZululand Cllr M.M Kunene;**
**uMeya wakuMasipala uLundi Cllr T.G Madela;**
**Inkosi yaseNdlunkulu uBaba P.V.N Ntombela (Mahlobo)**
**Inhloko yomnyango wezeMpilo ophinde abe yisithunywa sika Operation Sukuma Sakhe kuMasipala iZululand - Dr Sandile Tshabalala**
**AmaKhansela wonke akhona;**
**Ubuholi bonke obukhona okuhlanganisa nabefundisi;**
**Amalunga ka Operation Sukuma Sakhe kuma War Room;**
**Umphakathi Wonke**

Ngiyanibingelela egameni likahulumeni wesifundazwe uSihle Zikalala. NgoLwesithathu lolu lwakuthangi, uKhuzeni ubehola iKhabhinethi yakhe silaphayana kuMasipala uMzinyathi ngaphansi kohlelo iOperation Sukuma Sakhe.

Mina njengeChampion kaOperation Sukuma Sakhe, eyajutshwa kuloMasipala iZululand, selokhu ngifike izolo ukuzoqinisa izinhlelo zentuthuko ngisebenzisana nobuholi kanye nomphakathi.

Besihambele kuMasipala abaQulusi sihambisana noNgqongqoshe wakwaCOGTA uSipho Hlomuka lapho afike wathula khona uhlelo lwamanzi ku Ward.

Njengoba ngimi phambi kwenu ngiyaqonda ukuthi fanele ngabe kumi uBaba wethu, name ebengibukela kuye u Bheki Ntuli. Siyakhumbula ukuthi nguyena owayeyi Champion kaOperation Sukuma Sakhe kumasipala iZululand. Futhi wayesebenzisana kahle kakhulu nobuholi bonke kanye nomphakathi. Ngifisa ukuhamba ezinyathelweni zakhe.

Siyazi ukuthi uMphemba naye wayeyingxenye yokulwela inkululeko ngesikhathi esakhula ehlala eMtubatuba kanye nasesiKhawini. Siyawabonga amagalelo lakhe kusukela ebusheni bakhe aze abe yilungu lePhalamande aphinde abe nguNgqongqoshe.

Kuzokhumbuleka ukuthi umhlaka 16 June 1976, usuku lapho uHulumeni wobandlululo wadubula khona amakhulu ngamakhulu entsha eyayikade ikhonondela ukusetshenziswa kwesibhunu okwakuwuphawu lwengcindezelo.

Kulenyanga kaJune sithathe isinqumo singihulumeni ukuthi fanele sihambele imiphakathi ukuzonikhumbuza ukuthi sakhethwa yintsha eningi esemiphakathini eyahlukahlukene okuhlanganisa uMasipala wasoNdini.

Njengoba sihlangene namhlanje, lolusuku lunguphawu lokuqinisekisa ukwazisa amalungelo abantu ngaphansi kukaHulumeni wentando yeningi.

Ngenkathi sikhululeka ngo1994, isifiso esikhulu esabekwa ngabantu bakithi kwabangukuthi kugadwe futhi kuhlonishwe amalungelo abo njengabantu

abafanayo nabanye, ngokungakhethi bala, inkolo kanye nobulili.

Lokhu kuvikelwa nokuvikeleka kwaqinisekiswa ngokoMthethosisekelo ngo-1996 ngenkathi izwe lonke ngokuholwa nguMadiba laphasisa ukusebenza kweConstitution.

Njengoba sisoLundi sithi, ngokweConstitution, fanele uhulumeni owukhethile asebenzisane nawe. uHlelo iOperation Sukuma Sakhe yilona esinesiqinisekiso ukuthi luzokwenza nibambe iqhaza elikhulu kulohulumeni

**Umbuzo omkhulu uthi ngabe yini uhulumeni osuyenzile ukuvikela amalungelo enu?**

Yize usamkhulu umsebenzi okufanele siwenze, izibalo zakamuva ziyasikhombisa ukuthi isimo siba ngcono empilweni yeningi kusukela ngo1994.

- Izinga lokufunda selande kakhulu kusuka ePrimary kuya kumaNyuvesi;

- AmaSocial Grant atholwa nyangazonke ngabantu abangaphezu kuka 5.9 million okufaka abantwana abangaphezu kuka 11.7 million kanye badala abangaphezu kuka 2.9 million.

- Kuzokhumbuleka ukuthi ngo1994, babengu 12 million abantu ababengenamanzi. Kodwa iCensus yokugcina, yaveza ukuthi ingaphezu kuka 91.2% imizi esithola amanzi eduze.

Uhlelo luka Sukuma Sakhe lwaqalwa ukuze sikwazi ukuqinisekisa ukuthi labo abangakalutholi usizo lukahulumeni udaba lwabo luyadingidwa kuma War Room.

**Ingabe yikuphi esingakubheka emkhakheni wezezindlu - Operation Sukuma Sakhe**

UHulumeni waKwaZulu Natal oholwa nguKhuzeni usijubile ukuthi sihlinzeke imiphakathi ngezindlu nangaphansi kwe Operation Sukuma Sakhe. Zingu 179 izindlu esizinhlenzekela umphakathi weseZululand ngaphansi kwe-Operation Sukuma Sakhe.

Njengoba sigubha unyaka kaMama uCharlotte Maxeke - owanikela ngempilo yakhe ukulwela amalungelo ethu nenkululeko yethu - sethule indlu ukumhlonipha.

uGogo wethu u Saselaphi Ellina Ntombela oneminyaka engu 91 uthole izikhiye zendlu yakhe entsha sha. Angu 10 amalunga omndeni okuhlanganisa izingane ezingu 8 ondliwa nguGogo ngemali yempesheni. Sizoqhubeka sakhele izindlu nezinye oMama bethu kanye noGogo bethu.

Kuzokhumbuleka ukuthi mina nethimba lami sike sahambela uGogo Nakeni Gumbi oneminyaka yobudala engu 85 kwaWard 4 kuMasipala wasoPhongolo khona la eZululand.

Sahambela uGogo uGumbi emuva kokucekeleka phansi ngomlilo kwendlu yakhe engatheni. Sathembisa uGogo

nomndeni wakhe wabangu 13 ukuthi bazokwakhelwa umuzi omusha. Ngiyaziqhenya ngomsebenzi owenziwa ngumnyango ukumakhela indlu ngokukhulu ukushesha.

Ngonyaka wezimali ka 2020/21, sihlinzeke ngezindlu ezingu 286 ebezikhahlanyezwe yizinhlekelele.

Ngokugxila ohlelweni luka-Operation Sukuma Sakhe (OSS) sesikhiphe izindlu ezingu 775 ngonyaka wezimali ka 2020/21.

**Mphathi wohlelo**, uMnyango sewuhlanganise uhlu olunemininingwane lwalaba impilo yabo esengcupheni (abantu abakhubazekile, amakhaya aphethwe yizingane, asebekhulile). Kuze kube manje bangu 2 900 abantu abathinteka ngezindlela ezehlukene asebehlonziwe ukuze kuqalwe ngabo ngohlelo luka-OSS.

**iFinance Linked Individual Subsidy**

**Ngifisa ukuthatha lelithuba ngiphinde ngichaze kabanzi ngohl**elo lokuXhasa uMuntu Ngayedwa ngeMali, iFinance Linked Individual Subsidy Programme (FLISP).

Lolu wuhlelo  esihlose ukwandisa ngalo isibalo sezindlu ezinokuthengwa yilabo abamaphakathi nendawo ngobungako bemiholo yabo (middle-income).

Loluxhaso silwenza ukuze kuhlangatshezwane. uMnyango uxoxa nabamabhizinisi nabanye abathintekayo, okubalwa kubo abasemkhakheni wezezimali nezinkampani ezinezisebenzi eziningi.

Ngaphezu kwalokhu, kugxilwe nasohlelweni lwe-IRDP ukuhlinzeka ngeziza esezilungisiwe kulabo abangakwazi ukuzikhokhela. Siyakhula isibalo sabangena kuloluhlelo.

Kulonyaka sihlose ukweseka ngezimali abantu abangu 726, okuyisibalo esenyuke kakhulu kusukela ku 306 wangonyaka wezimali ka 2020/21.

Ukungenelela koMnyango ngokuphuma umkhankaso omkhulu wokwazisa ngohlelo lwe-FLISP kuhehe umphakathi omningi obufuna ukwazi ngalo. Olunye ulwazi ngaloluhlelo lungatholakala nge FLISP Helpdesk: (031) 319 3800 ne-e-mail: flisp@kzndhs.gov.za.

Siyafisa umphakathi wase Zululand uxhumane no Director kwi Northern Region uBaba u Mbonane (082 567 7419)

Kubalulekile ukuthi ngikucacise ukuthi ngesabelo mali u 2020/2021 zingu10,315 izindlu esesizakhile. Kanti ngakolunye uhlangothi, zingu 4,838 iziza esezilungisiwe ukuze sakhe izindlu.

**Uhlelo lokuxhasa ngezindlu abahlala emapulazini**

**MaLunga omphakathi aHloniphekile**, njengoba nonke nazi – iKZN iyindawo ikakhulukazi engeyasemakhaya. Cishe ingxenye engu 51% wabantu ihlala ezindaweni ezisemakhaya, ikakhulukazi emhlabeni ongaphansi kweNgonyama Trust. Kungalesi sizathu ukuhlinzeka ngezindlu ezindaweni zasemakhaya kulokhu kusemqoka.

Ngonyaka wezimali ka 2020/21 sethule izindlu ezingu 6,624 ngaphansi koHlelo lweziNdlu eziNdaweni ezisemaKhaya.

Sisophe ukuphucula isimo okuphila ngaphansi kwaso eminye imindeni engu 7 095 ezindaweni ezisemakhaya kulonyaka, okuhlanganisa nokusebenzisana noMnyango wezoLimo neNtuthuko yeziNdawo zaseMakhaya ukuze sakhe imiphakathi ephile kahle ezindaweni zasemakhaya.

Mphathi wohlelo**,** ngifisa ukubonga Amakhosi aseNdlunkulu neBhodi yeNgonyama Trust ngokubambisana nathi nokuseseka ekuphuthumiseni ukuhlinzeka ngezindlu ezindaweni ezisemakhaya.

UMnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka ngezindawo zokufihla ikhanda ezihloniphekile ngokubakhela khona emapulazini ezolimo. Sizibophezele ukuphucula izindlela nezimo eziziphilisa ngazo lezi zakhamuzi naphezu kwezinselelo zabanikazi bomhlaba abagwevile nawo.

Ngifisa ukwazisa umphakathi weseZululand ukuthi siyaqhubeka nezinhlelo zokuqinsekisa ukuthi uhlelo lokwakha izindlu esilwenze eKokstad, luze lufinyelele nakwabanye oMasipala okuhlanganisa iZululand.

Sakhe izindlu ezingu 83 saphinde sanikeza amaTayitele izikhamuzi ezingabasebenzi baseMapulazini e Willowdale, kuMasipala iGreater Kokstad.

Yindaba emnandi ukuyixoxa lena lapho umnikazi wepulazi edlulisele ezisebenzini zakhe ingxenye yepulazi lakhe. Kungithinte kakhulu lokhu emphefumulweni futhi ngingathanda ukukhuthaza bonke abanye abalimi, kuso sonke isiFundazwe, ukuba bahambe kulezi zinyathelo ukuze kuphiliswane kahle nabahlala emapulazini asebaphila futhi basebenza emapulazini abo izizukulwane ngezizukulwane.

**Amatayitela anikezwa abantu – izindlu ezakhiwe – Kanye neziza**

UMnyango uphuthumisa ukukhishwa kwamatayitela hhayi kuphela ukuze abanikazi bezindlu babambe iqhaza emnothweni, kodwa futhi bathole ukuhlonipheka ngokuba ngabanikazi ngokugcwele.

Ngonyaka wezimali ka 2021/22, sihlose ukukhipha amatayitela angu 10 949 esiFundazweni sonke uma uqhathanisa nangu 2 923 akhishwe ngonyaka wezimali ka 2021/21.

Sicela zonke izinhlaka zika Operation Sukuma Sakhe zisisize ukunciphisa isibalo sabalinde amatayitela. Ngithanda ukusebenzisa lelithuba ukuqhakambisa lapho okutholakala khona uSizo Ngamatayitela: Imibuzo: (031) 319 3800 ne-email: titledeeds@kzndhs.gov.za.

Uhlelo lwe EWP – ukudala amathuba emisebenzi nokusiza intsha.

Njengoba sigubha inyanga yentsha, sizovula ngokusemthethweni izindlu ezakhiwe yintsha. Uhlelo lwe EPWP yilona esiluhambisa phambili ukufaka intsha emkhakheni wokwakhiwa kwezindlu.

Yize besinengcindezi ngenhla yeCOVID-19 ekhahlameze umsebenzi wethu wokwakha izindlu, sikwazile ukudala amathuba omsebenzi angu 5 000. Seqe ngo 516, esibalweni ebesisibekile. Intsha ibe 2 658, kwathi abesifazane babengu 1 765. Babe ngu 27 abantu abanokukhubazeka.

Lamathuba avele ngemisebenzi engu 90 yokwakhiwa kwezindlu kuzo zonke iziFunda. Ngaphezu kwalokhu, uMnyango uqeqeshe abantu abangu 140 ngaphansi kwaloluhlelo bahlomula ngamakhono ehlukene kwezokwakha.

Uhlelo lokuqeqesha lumiswe ngendlela yokuba labo olusuke luqondiswe kubona abanye babo bathole ukuqeqesheka kuphela kanti abanye baphuma nezitifiketi; bazibambele mathupha emsebenzini wokwakha, kanti ekuphothuleni kwabo basuke sebehlome ngamakhono kwezamabhizinisi.

Kunginike intokozo enkulu ukudlulisela izitifiketi kubafundi bakaMasipala weNdawo waseMandeni

abaphothule izifundo nge-EPWP (njengokubeka isitini, ukuplastela, ukufaka uphahla nokusebenza ngepulangwe). Abebebambe iqhaza baphume nesitifiketi sikaNQF level 3 esiqinisekisa amakhono abo nokusebenzisa amathuluzi omsebenzi. Ekuphothuleni kwabo, siqinisekisa ukuthi bathola amathuba omsebenzi ngokuqashwa ngosonkontilaki nayilabo abasebenza ngaphansi kosonkontilaki emisebenzini eyehlukene.

Kulonyaka, uMnyango usophe ukudala amathuba omsebenzi angu 5 500 kuphinde kuqeqeshwe abantu abangu 200 emikhakheni eyehlukene yezokwakha. Eminyakeni ezayo uMnyango uzolwelula loluhlelo lokungenelela ukuphucula imisebenzi emikhulu; ukubhekana nokusalela emuva ekukhongozelweni kwamanzi emvula; nohlelo lokugcina kusesimweni esikahle amaHostela, amaCRU noHlelo lokuLungiswa kweziNdlu.

**Radical Economic Transformation – ukufukula umnotho – nokuhlaliswa kwabantu**

Asiguquki emzamweni wethu wokuguqula ngendlela enqala umnotho ukuze siqinisekise ukuthi bonke labo ababencishwe amathuba ngaphambili bayingxenye yomnotho.

Ukufezekisa lokhu, uMnyango usuqoke izithangami ezingu 346 zezinkampani ezisafufusa ezizogidlabezwa ngomsebenzi wokwakha, ngokuhambisana noMthetho woHlaka loMgomo Wokwenzelela ka 2017 (Set aside)

Sizogxila kulonyaka wezimali ebhodini yokuthuthukisa ezokwakha, iConstruction Industry Development Board (CIDB) namabhizinisi asesiGabeni 1 no 2. Sihlose ukwabela umsebenzi izinkampani ezisesiGabeni 3 no 4.

Lezi zinkampani ezingu 346 zihlanganiswe kanje: **ezingu 109 ezentsha, 129 ezabesifazane, 101 ezabesilisa abamnyama, ezimbili zabakhubazekile nezinhlanu zomakadebona bempi (Miltary Veterans.** Uhlelo lwezigaba lwe-CIDB lunezinkampani ezingu 144 zesiGaba 1 nezingu 202 zesiGaba 2-4.

UMnyango uphokophele ukuba labo abaqokiwe bahlomule kuwo wonke umsebenzi wokuhlinzeka ngezindlu, okufaka kukho ukwakha nokutholakala kwempahla yokwakha neyokusebenza.

Ngokubhekela ubunjalo besimo seminyaka yobudala esiFundazweni nokuba phezulu kwezibalo zabangaqashiwe, sibeka intsha phambili kwezentuthuko. Kufanele kubenjalo ngoba siyisiFundazwe sabantu abasebasha.

Sizogcizelela ukuba kuthengwe kosomabhizinisi bendawo izinto zokwakha, ikakhulukazi uma kwakhiwa. Ukuqeqesha nokuhlomisa abantu ngolwazi nangamakhono adingekayo kuzokwenziwa iminyaka emithathu kusukela kulonyaka wezimali.

Ngiyathokoza ukumemezela ukuthi uMnyango ubeke eceleni imali engango R153 million wokuqeqesha nokuklamela umsebenzi laba abakhethiwe.

Ngonyaka wezimali ka 2022/23, sizogxila ekwesekeleni kwezamabhizinisi nokucathulisana kwezokuzikhangisa, ukuziveza nokuxhumanisa izinkampani nalaba okuyibo abasuke besingethe umsebenzi wonke omkhulu, ama-Implementing Agents.

## Operation Sukuma Sakhe – nentando yeningi

***Mphathi wohlelo***, njengoba sengiphetha, ngifisa ukukuveza ukuthi singuhulumeni okhethwe ngabantu siyaqonda ukuthi ukuze sivikele amalungelo abantu fanele sisondelana nomphakathi. Yingakho size kuMasipala wasoLundi.

Umyalezo wethu uthi, singuhulumeni sigqugquzela ukubambisana kobuholi emazingeni ahlukahlukene. Ngesikhathi sithatha izintambo sazibophezela sonke ukuthi sizosebenza ngokuzikhandla, sisebenzela umphakathi wakulesisifundazwe ngokungachemi.

Ukuzibophezela nokuzimisela kweKhabhinethi kwacaca bha ngesikhathi sizijuba sithi sizoba yizithunywa ezizoletha intuthuko kuwo wonke amagumbi akulesisifundazwe ngaphansi kohlelo i-Operation Sukuma Sakhe.

Naye uNdunankulu WesiFundazwe uBaba uZikalala uyisithunywa sikaSukuma Sakhe eMkhanyakude. Mina ngithunywe lapha eZululand.

Umyalezo wethu uthi fanele sibambane, silwe nobubha silethe intuthuko ezindaweni zethu. Fanele sibonele kuMongameli uMadiba owayekubeka phambili ukusebenzisana kobuholi.

Sifisa ukwenza isibophezelo sokuthi sizokwenza konke okusemandleni ethu ukusheshisa izinhlelo zentuthuko ngoba siyazi ukuthi ayikafinyeleli yonke indawo.

Sizoqiniseka ukuthi ngaso sonke kuba khona ukuzimisela kwezinhloko zeminyango, abasebenzi bonke - kuwo wonke amazinga. Siqhakambisa ukusebenzisana phakathi komasipala kanye nayo yonke iminyango kahulumeni ukuze izinhlelo zikahulumeni zisheshe zifike kubantu.

Ngibala izinhlelo zikagesi, izinhlelo zokuletha amanzi, izinhlelo zokufudula umnotho – ukulwa nezifo, ukulwa nobugebengu kanye nezinhlelo zokusiza labo ababuthakathaka.

Singabala oGogo, omkhulu, yilabo abakhubazekile, izintandane, abafelokazi kanye nemindeni ekhahlanyezwa yisifo esingumashaya abhuqe ingculazi.

Siyaziqiniseka namhlanje ukuthi ngaso sonke isikhathi sizozama amasu amasha ukuze kube noshintsho ezimpilweni zabantu.

Ukuze siyinqobe impi yobubha kanye neyokugqoza kwentuthuko sizimisele ukuqinisekisa ukuthi bonke oNgqongqoshe, ngisho bakwazwelonke, kanye nazo zonke izisebenzi zikahulumeni zizoba yingxene yeminye yemihlangano ehlala kuma War Rooms.

Ngizobaletha mina njeChampion ka Operation Sukuma Sakhe lapha eZululand. Ngizophinde ngisebenzise uhlelo i-District Development Model eyathulwa nguMongameli uCyril Ramaphosa.

**Asisukume Sakhe**